I-AVBOB IKHULA

NGESISEKELO ESIQINILE NAPHEZU KWEZIMO

EZINZIMA ZENTENGISELWANO

U-FRIK RADEMAN, UMPHATHI OMKHULU WE **AVBOB** NO CARL VAN DER RIET, IPHINI LOMPHATHI OMKHULU WE **AVBOB**

I-**AVBOB** Group, eyi-Mutual Assurance Society enkulukazi lapha e-Afrika, iqhubekele phambili nokukhula okunesisekelo esiqinile onyakeni wezimali ka 2018/19 naphezu kwezimo ezinzima zentengiselwano kwezomnotho. Isaziso semiphumela sikhishwe nguMphathi Omkhulu we **AVBOB** uFrik Rademan eMhlanganweni we **AVBOB** Waminyaka Yonke obubanjwe mhlaka 13 November 2019.

“Nakuba ukungasebenzi kahle kwezimakethe zotshalo-mali kube nomthelela kwimiphumela yethu yonyaka, i-**AVBOB** isebenze kahle noma ezomnotho bezingenazo izithelo ezinhle okwenze ukuba imali etholakale ngamaprimyamu ikhule ngo 14.4% yafinyelela ku R4.2 billion. Isimo sethu sokuba yi mutual sisenza sibe yingqal’ izivele futhi sakwazi ukwakhela abanikazi bamapholisi namalunga inzuzo. Inzuzo yethu ngaphambi kokuba sikhiphe okuyizimfanelo zabanikazi bamapholisi yehlile ukusuka ku R2.1 billion yaya ku R1.6 billion onyakeni. Njengoba siyi mutual, ingxenye enkulu yalenzuzo isetshenziselwe ukuthuthukisa izinzuzo zabanikazi bamapholisi – eminyakeni edlule engu 12, imali esalayo yenzuzo eye yasetshenziselwa ukuthuthukisa izinzuzo zabanikazi bamapholisi ibe ngaphezu kuka R11 billion,” kusho oka Rademan.

Lokhu kwaba kuhlanganisa amabhonasi ayisipesheli, izinzuzo zokungcwaba zamahhala nokuthuthukiswa kwezinzuzo zamapholisi. Ukusungulwa kwe **AVBOB Reward Account,** okwenziwe lapho lenkampani ihalalisela ukuhlanganisa iminyaka eyikhulu ngo August 2018, kuye kwahlinzeka amalunga ngezinzuzo ezitholakala lapho amapholisi awo egubha unyaka ngemva kokuba wona amalunga esedlule eminyakeni engu 65, kuye ngokuthi ipholisi ibisikhona yaqhubeka okungenani iminyaka eyishumi, noma lapho eshona, uma kufika kuqala.

Usihlalo weBhodi Labaqondisi, uNjingalwazi Piet Delport, uthi kulonyaka wezimali odlule bekuvame izenzakalo ezingezinhle njengokucinywa kogesi, ukuntuleka kwemisebenzi, ukukhuphuka kwamanani ezinto, imibhikisho yezinsiza kanye nokukhula kancane kwezomnotho.

Ukuzimisela ukuthuthukisa indlela yokusebenza, nokukhiqiza kakhulu ngezindleko eziphansi

“Kuze kube manje, unyaka ka 2019 awubonakali uthembisa ubonisa ukudodobala okukhulu kwezomnotho nezimpawu ezithile zokuduva kwawo. Lokhu kubeka ingcindezi enkulu phezu kwethu yokuqhubeka nomfutho wokukhula. Lokhu sikwenza ngokuqhubeka sizimisele ukuthuthukisa indlela yokusebenza, siphakamise amanani omkhiqizo ngezindleko eziphansi sisebenzisa ubuchwepheshe obusha nokuguqulwa kwamakhono. Imikhiqizo nezinkonzo zethu sikwenza kufanelane nezimfuno eziguquguqukayo zomnotho wezobuchwepheshe ofufusayo, oveza uhlobo olusha lwamaklayente,” kwenezela uDelport.

Amagalelo e-CSI aletha ithemba emphakathini yonkana eNingizimu Afrika

U-Rademan uphawule kanje mayelana somphakathi esenziwa yi **AVBOB**, sokuthi bayaqhubeka nokutshala imali emiphakathini eyehlukene lapha eNingizimu Afrika ngezinhlelo ze CSI. Omunye umkhakha abagxile kuwona kakhulu ngowezemfundo, leNhlangano iyaqhubeka nokutshala imali kwikusasa lentsha yase Ningizimu Afrika ngokunikela ngamakhonteyina ayimitapo yezincwadi ephelele ezikoleni zalabo ababencishwe amalungelo phambilini kuzo zonke izifundazwe eziyisishiya-galolunye ezweni kabanzi. “Sinikezele ngekhonteyina ewumtapo ophelele ka 53 kulonyaka esikhuluma ngawo futhi sizofi nyelela kumgomo wethu wemitapo engu 60 esawuthembisa.”

Unezele ngokuthi iqhubekela phambili impumelelo Yomncintiswano Wezikondlo Waminyaka Yonke we **AVBOB**, owasungulwa ngo August 2017 ngazo zonke izilimi ezingu 11 ezingokomthetho, futhi usuvulele abantu abavamile base Ningizimu Afrika ithuba lokuveza imizwa yabo ehlukahlukene, ephathelene nokuzalwa, ukufa, ukulahlekelwa nothando. Ukwanda kwamanani abahayi bezinkondlo nezinkondlo ezithunyelwayo kukhula ngezinga elimangazayo.

Umsebenzi omuhle otuswe ngezindondo eziningi

Ukuzibophezela kwe **AVBOB** oguqukweni nokuzimisela kwayo ekuhambisaneni nezimo eziguqukayo zalapho isebenza khona kuye kwabonakala ngezindondo ezithole emikhakheni eyahlukene:

- Lenhlangano isigcinile isitifiketi sokuba Ngumqashi Ophambili iminyaka emithathu ilandelana;
- I-**AVBOB** yavotelwa yaphuma phambili emkhakheni we Funeral Cover kuNhlolovo ka 2019/20 Ask Africa Kasi Star Brands iminyaka emine elandelanayo kuNlolovo ye Township Brands;
- Umkhankaso Wezinkondlo we **AVBOB** uyaqhubeka nokuqashelwa kabanzi ngabathengi, okwenze leli Qembu lathola ndondo ye Prism emkhakheni wokuxhasa ngenxa yawo Lomkhankaso Wezinkondlo; futhi
- Inkampani esebenzisana naleNhlangano kwezokukhangisa, i-**BRAND*et al***, nayo yathola intilibathwa yezindondo eziphathelene nalo Mkhankaso Wezinkondlo we **AVBOB.**

Amazwi okubonga uMphathi Omkhulu ngeminyaka eminingi yokusebenzela leNkampani ngobuqotho

U-Delport ubonise ukubonga okuqinisileyo ku Rademan ozothatha umhlala phansi ekupheleni kuka November ngemva kokusebenze ngobuqotho nangenkuthalo iminyaka engu 37.

ukuzibophezela nokuzinikezela okungu 110% ekwakheni nasekukhuliseni i-**AVBOB** ize ibe kulelizinga ekulo namuhla.”

“Kanti kuMphathi Omkhulu ozothatha izintambo, uCarl van der Riet, sithi siyakwamukela ngobuqotho futhi sethemba ukuthi uzokwenza i-**AVBOB** ibe ngcono nakakhulu.”

I-AVBOB iyingxenye yomndeni wase Ningizimu Afrika

Emazwini akhe okuphetha, uRademan uphawule ngesidima se **AVBOB**, sokwaziwa njengomndeni, esakhiwe ngemva kwesikhathi nendlela eyingqal’ izivele yaleNhlangano yokuba nobudlelwane obuyivumela ukunikeza amalunga omndeni wayo izinzuzo ngokuqhubekayo.

“Eminyakeni eyi 101 eyedlule, i-**AVBOB** isibe ngaphezu kokuba nje ngumhlinzeki wezinkonzo zokungcwaba. Isibe ngundaba-mlonyeni, nengxenye yomndeni wase Ningizimu Afrika. Sizibophezele ekutholeni izindlela ezintsha zokufeza isithembiso sethu esithi ‘Silapha ukuze sisize wena’.”

Ukukhula okwandayo eminyakeni eyisishiyagalombili ephele mhlaka 30 June 2019:

- Imali etholakala ngamaprimyamu yande ngo 221.9% yafinyelela ku R4.2 billion
- Isibalo esiphelele sebhizinisi elisha lomshwalense sikhule ngo 188.1%
- Inani labanikazi bamapholisi likhuphukengo 75.7% ukusuka ku 1.2 million ukuya ku 2.1 million
- Izingosi zokungcwaba zande ngo 44.6%
- Ingcebo yempahla isiyonke iphindeke kathathu yaba ngu R18.7 billion

* Kunemigomo nemibandela. Izinzuzo zamahhala zitholakala kuphela uma umngcwabo uqhutshwa yi-**AVBOB** Funeral Service. I-**AVBOB** ngumhlinzeki Wezinkonzo Zezimali Osemthethweni. I-**AVBOB** ibambe iqhaza ezingeni le 2 le B-BBEE. FSP 20656. www.**AVBOB.**co.za

AVBOB

We’re here for you

Since 1918